DEPARTMENT: WATER AFFAIRS AND FORESTRY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

UMNYANGO WEZAMANZI NAMAHLATHI

Ucwaningo lwendawo olumayelana nokusetshenziswa kwamanzi ukusuka oSuthu kuya eMhlathuze.

Ukusekelwa kwezinqumo ezimayelana nokusetshenziswa kwamanzi.
INingizimu Afrika ayinawo amanzi amaningi kanti ukuqhudelana ngawo kuyakhula. Amanzi ayingcosana, kufanele ahlangabezane nezidingo zawo wonke umuntu waseNingizimu Afrika. Kufanele asetshenziswe ngobuhlakani ukuze umnotho ukhule, kube namathuba emisebenzi nesimo nhlalo sibhekeleke, ngaphandle kokunukubeza imifula kanye namagugu ethu emvelo. Esikhathini esiphambili Umnyango wezaManzi namaHlathi (Department of Water Affairs and Forestry- DWAF) uthathe izinqumo mayelana nokuthi amanzi abiwe kanjani.kubasebenzisi abahlukene njengabaniseli, amahlathi atshaliwe, izimayini nezimboni. Umthetho omusha wokuphathwa kwamanzi uhlukanise izwe iziqephu eziwu-19 ezibizwa ngokuthi izindawo zokuphathwa kwamanzi (Water Management Areas). Enye yalezizindawo indawo yokuphathwa kwamanzi esuka eMhlathuze iya oSuthu. Ngayinye kulezizindawo izophathwa isigungu sokuphatha (Catchment Management Agency, CMA). Lezizigungu (CMAs) zizothatha izinqumo ngokuthi amanzi angasetshenziswa kahle kanjani ezindaweni ezingaphansi kwazo.

Isigungu saseMhlathuze kuya oSuthu sizothatha izinqumo ezinzima. Njengokuthi nje: Angakanani amanzi okufanele asetshenziselwe ezolimo? Amahlathi atshaliwe? Ezokuvakasha? Nokuthuthukiswa kwezimboni. Abantu basemakhaya badinga amanzi angakanani entuthuko? Umthetho wamanzi uyakubalula ukuthi abantu abakhele leyondawo kufanele babambe iqhaza ekuthathweni kwezinqumo. Isigungu sokuphatha nabantu abasendaweni nakuba bengenakushitsha isimo esikhona kodwa bangakha ingomuso. Lolucwaningo lufisa ukulekelela kulokhu.

Ucwaningo lokubheka indawo aluyona into entsha. Kodwa luqhathanisa zonke izimo nolwazi olukhona. Isimo sendawo siyabhekwa ukubona ukuthi singayenzelani intuthuko.nokuthi leyontuthuko ifanelekile. Uma isimo senhlalo, somnotho nesemvelo sesibhekiwe, ucwaningo lubhekene nalezizinselelo:
“ Mathuba mani akhona entuthuko?
“Angakanani amanzi akhona?
“Uma intuthuko iba khona isho ukuthini kubantu abahlala endaweni.
“Lokhu kusho ukuthini kwisimo somnotho sendawo nezwe?
“Ngabe lokhu kuyindlela enhle yokusetshenziswa kwamanzi?
“Ngobani abanye abadinga amanzi?

“ Lokhu kuyobiza kangakanani kwabanye abasebenzisi bamanzi nomhlabathi?

Lolucwaningo lukwenza lokhu ngokuqoqa ulwazi, ukubheka amathuba, inkokhelo nenzuzo, ngokubuza abantu ukuthi bona babona kanjani ngokucwaninga isimo senhlalo, esemvelo nesomnotho nokusebenzisa lolulwazi ukuze kusizakale wonke umuntu. Izinqumo akumele ziqhamuke ngenhla kodwa kufanele ziboniswane, zizwakale kahle kangangoba kungenzeka.

Umnyango wezaManzi namaHlathi ukholelwa ekuthini lolucwaningo luyobeka isigungu sokuphatha esimeni esihle sokuhlela nokuthatha izinqumo ngokusetshenziswa kwamanzi esikhathini esizayo. Khona manjalo abasebenzisi bamanzi babe nethuba lokubeka uvo lwabo, nokuthi bafuna kwenzekeni, nokuthi bona babona kanjani. Bayobeka uvo mayelana namathuba akhona kanye nokuhlela. Ucwaningo aluyosiza isigungu sokuphatha kuphela, kodwa wonke umuntu ofisa ukwazi kabanzi ngendawo.

Umsebenzi wocwaningo LwaSosuthu kuya eMhlathuze

Umnyango wezaManzi namaHlathi uqale ucwaningo endaweni yokuphatha ngenyanga ka October 2000. Lolucwaningo seluke lwaqalwa endaweni yaseMhlathuze lokhu kwakhombisa ukuthi ngokubheka isimo samanzi, semvelo, senhlalo nesomnotho kanyekanye kuqhamuka izinto eziningi ezingalindelekile. Kucwaningo lwaseMhlathuze kuvelile ukuthi abantu basemakhaya kuyenzeka balibaleke kuhlomule izimboni nabezolimo.

Indawo yokuphatha amanzi esuka oSuthu kuya eMhlathuze



Ucwaningo lwasoSuthu kuya eMhlathuze luzoqhubeka cishe izinyanga eziyishumi nambili, okungenzeka kwengezwe kuze kube uMarch 2002 ngenxa yoqeqesho. Imali

inikelwe Umnyango wezaManzi namaHlathi nomnyango oqondene nentuthuko emhlabeni (DFID). Iqembu eliqhuba ucwaningo lizinze ePitoli- kodwa lizochitha isikhathi esiningi KwaZulu Natali ngesikhathi socwaningo, liphinde lisebenzise ulwazi lwabantu bendawo. Kubalulekile ukuthi leli qembu lithole ulwazi olunzulu mayelana nendawo ngokuxhumana nabantu nochwepheshe bendawo.

Abaqhubi bocwaningo ngeke banyamalale masinyane uma isikhathi esibekiwe sesiphelile. Ulwazi oluqoqiwe luyoshiwa lukuma balazwe, computer. Abantu bayoqeqeshwa ekusetshenzisweni kwalolulwazi. Sikholwa ukuthi indlela ethathwa ucwaningo yokucabangela wonke umuntu nangayo yonke into kangangoba kungenzeka iyohlala ingunaphakade.

Sicela ube kanye nathi kulendlela yokucabanga, neyokucobelelana ngolwazi nokuthatha izinqumo ngekusasa lethu sonke.

Abantu ongaxhumana nabo

Harrison Pienaar (Umxhumanisi wocwaningo)	Ucingo: 012 336 8238
Brian Mthembu (Umxhumanisi ngesimo senhlalo)	Ucingo: 012-336 7496
Steve Horak (Umxhumanisi ngesimo sezemvelo)	Ucingo 012-336 7665
Dirk Versfeld (Umsekeli wocwaningo)	Ucingo 021-424 1787